## BEKA UVO LWAKHO!

## ISIMEMO SOKUTHI UMPHAKATHI UPHAWULE

IKomidi loMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe elibhekele EzoHwebo NeziMboni, EzokuThuthukiswa KoMnotho, UkuThuthukiswa KwamaBhizinisi Amancane, Ezokuvakasha, Ezokuqasha kanye Nezabasebenzi, limema abantu abanentshisekelo kanye nababambe iqhaza ukuthi balethe ukuphawula okubhalwe phansi mayelana neMithethosivivinywa emibili: ISichibiyelo soMthethosivivinywa Wokuvikelwa Kokusebenza Kwamaciko [B 24D – 2016] kanye neSichibiyelo SoMthethosivivinywa Wamalungelo Okuyimibhalo [B 13D – 2017]

### ISICHIBIYELO SOMTHETHOSIVIVINYWA WOKUVIKELWA KOKUSEBENZA KWAMACIKO [B 24D – 2016]

UMthethosivivinywa uhlose ukuchibiyela uMthetho Wokuvikelwa Kokusebenza Kwamaciko we-1967, ukuze kufakwe, kususwe noma kufakwe esikhundleni sezincazelo ezithile; ukuhlinzekela ngamalungelo omnotho wamaciko; ukwelula amalungelo esimilo kumaciko ekulungiseni okulalelwayo nokubukwayo; ukuhlinzekela ngokudluliswa kwamalungelo lapho iciko livumela ukulungiswa kokusebenza; ukuhlinzekela ngokuvikelwa kwamalungelo abadidiyeli bemisindo eqoshiwe; ukwandisa imikhawulo ekusetshenzisweni kwemidlalo; ukwelulwa kokusetshenziswa kwemikhawulo ekusetshenzisweni kwemidlalo ekulungiseni okulalelwayo

nokubonwayo; ukuhlinzekela izimali okufanele zitholwe noma inkokhelo elinganayo okufanele ikhokwe lapho amathikithi omdlalo ethengiswe onke noma kuqashisiwe; ukuhlinzekela ukuqoshwa kanye nokubikwa kwezenzo ezithile kanye nokuhlinzeka ngecala elihlobene nalokho; ukwelula okuhlukile kusukela ekwenqatshelweni kuya ekulungiseni okulalelwayo nokuqoshwa komsindo futhi kubandakanya okuhlukile okuhlinzekwe kuMthetho Welungelo Lobunikazi we- 1978; ukuhlinzekela ukuthi uNgqongqoshe abeke imigomo eyimpoqo nejwayelekile yezinkontileka kanjalo nemihlahlandlela yokuthi iciko linikeze imvume ngaphansi kwaloMthetho; ukuhlinzekela ngokuziphatha okunqavumelekile kanye nokuhlukile maqondana nezinyathelo zokuvikela ubuchwepheshe kanye nolwazi lokuphathwa kwamalungelo okushicilela ngokulandelanayo; ukuhlinzekela amacala nezijeziso eziqhubekayo; ukufaka esikhundleni sezinkulumo ezithile; ukuhlinzekela indlela ezolandelwa lungakaphasiswa uhlaka, kanye nokuhlinzekela izindaba ezihlobene nalokho.

## ISICHIBIYELO SOMTHETHOSIVIVINYWA WAMALUNGELO OKUYIMIBHALO [B 13D – 2017]

UMthethosivivinywa uhlose ukuchibiyela uMthetho Welungelo Lobunikazi we-1978,ukuze uchaze amagama nezinkulumo ezithile; ukuvumela eminye imikhawuko kanye nokwehlukile mayelana nokukhiqizwa kabusha kwemisebenzi enamalungelo obunikazi; ukuhlinzekela ukwabelana ngenzuzo yemisebanzi enamalungelo obunikazi; ukuhlinzekela ukukhokhwa kwezimali ezizuzwayo maqondana nemibhalo, ezomculo, ezobuciko kanye nomsebenzi

olalelwayo nobonwayo; ukuhlinzekela ngamalungelo okudayiswa kabusha; ukuhlinzekela ukuqoshwa kanye nokubikwa kwezenzo ezithile; ukuhlinzekela ukugunyazwa kwezinhlangano eziqoqayo imali; ukuhlinzekela indlela yokuxazulula izingxabano; ukuhlinzekela ukufinyelela emisebenzini yelungelo lobunikazi ngabantu abakhubazekile; ukuhlinzekela ukukhishwa kwamalayisensi emisebenzi yezintandane; ukuqinisa Amandla nemisebenzi yeSigungu esithetha amacala aMalungungelo Obunikazl; ukuhlinzekela ukuziphatha okungavumelekile mayelana nezinyathelo zokuvikela ubuchwepheshe; ukuhlinzekela ngokuziphatha okungavumelekile mayelana nolwazi lokuphathwa kwamalungelo obinikazi; ukuhlinzekela ngokuvikelwa kwamalungelo edijithali; ukuhlinzekela amacala amasha athile; kanye nokuhlinzekela izindaba ezihlobene nalokhu

Imibuzo kanye nezethulo ezibhalwe phansi, zingathunyelwa eKomidini loMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe elibhekele elibhekele EzoHwebo NeziMboni, EzokuThuthukiswa KoMnotho, UkuThuthukiswa KwamaBhizinisi Amancane, Ezokuvakasha, Ezokuqasha kanye Nezabasebenzi, bese zibhalwa ukuthi zinakwe uNksz Noziphiwo Dinizulu, kule-imeyili: ***ndinizulu@parliament.gov.za*** noma noma kuNksz Mahdiyah Koff kule -imeyili: ***mkoff@parliament.gov.za*.** Ukwengeza ekuphawuleni okubhalwe phansi, uyacelwa ukuthi ukhombise intshisekelo yakho yokwenza izethulo ngomlomo eKomidini.

**Usuku lokugcina lokuletha izethulo ezibhalwe phasi uLwesihlanu mhlazingama-27 kuMasingana/Januwari wezi-2023.**

Amakhophi oMthethosivivinywa angacelwa ngocingo kuNksz Noziphiwo Dinizulu kule nombolo yeselula: 083 709 8393 noma kuNksz Mahdiyah Koff kule nombolo yeselula: 083 709 8527 noma ungawuthola kusizindalwazi sePhalamede: (www.parliament.gov.za).

**Sikhishwe ngu:**

**Mnu Mandla Isaac Rayi, iLungu lePhalamende**

**USihlalo weKomidi loMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe elibhekele EzoHwebo NeziMboni, EzokuThuthukiswa KoMnotho, UkuThuthukiswa KwamaBhizinisi Amancane, Ezokuvakasha, Ezokuqasha kanye Nezabasebenzi.**

---